



SINGAYIBUNGAZA KANGCONO INTSHA KA-1976 NGOKUNAKEKELA IMPILO YETHU

UNKK NOMAGUGU SIMELANE
UNGQONGQOSHE WEZEMPILO

Ezinye zezinto ezincomekayo, ezithokozisayo, kanye nezihlaba umxhwele ngokuzinikela kwentsha yango 1976 kwabe kungukuzinikela kwayo ekuqedeni ingcindezelo, kanye nokuguqula izimpilo zabantu base Ningizimu Afrika zibe ngcono.

Babesezinhlweni zokuqeda nya ngesihluku esasibebhethekiswa wuHulumeni wobandlululo, bazabalaza kanzima ukuze kube nokuthula ezweni, lapho amalungelo abantu ezovikeleka khona aqhakanjiswa. Ngenxa yalolu bandlululo, izimpilo zabantu abaningi zaguquka unomphela. Imindeni yahlukana phakathi njengoba izindimbane zabantu zaboshwa, abanye baphoqeleka ukuba baye ekudingisweni, kanti abanye balahlekelwa kakhulu njengoba badlula emhlabeni embhidlangweni wokuthola intando yeningi kanye nenkululeko le esinayo namuhla.

I-Ningizimu Afrika noma Ithokozisa, futhi kukuningi okuhle ngalo, kepha kukhona okusamele kushintshe ukuze kukhuliswe umnotho, kulekelelwe izakhamizi ukuba zikwazi ukuzithuthukisa. Kubaluleke kakhulu kithi esisemkhakheni wezempilo ukuqikelela ukuthi umzabalazo wentsha yango 1976 kanye nezinye izizukulwane zakamuva nangaphambili kwalokho ungashabalali kalula.

Ngeke kusize ukuba nenkululeko, uma izakhamuzi zingayinaki into emqoka neyisisekelo njengempilo yazo uqobo. Yikho kanye lokhu okusikhathazayo. Ezinye zezinto eziyishwa neziseyinsila yobandlululo ukungabi khona kolwazi olwanele mayelana nezempilo, nokuthathwa kwezinqumo ezingaphusile, ezigcina zikhinyabeza impilo. Lokhu kwenza abantu baphathe impilo gadalala, esikhundleni sokuphila ngendlela enokugwema izifo nokugula, futhi bazijwayeze ukuhlolwa abezempilo – okuyinto esizayo ngoba uma kunezinkinga ziyaye zisheshe zitholakale.

Ukungabi nolwazi olwanele ngezempilo nokuthi izifo nokulimala kugwenywa kanjani kugcina sekudlulela esizukulwaneni ezilandelayo. Lokhu kuholela ekudluleni kwabantu abasha emhlabeni noma baphelele emikhubeni engemihle kepha egwemekayo njengezidakamizwa, uphuzo oludakayo, ukukhulelwa kwezingane, igciwane le HIV/AIDS, udlame – konke okuyizinto ezigwemekayo. Yingakho sinxenxa abantu baKwaZulu-Natal – kakhulukazi intsha - ukuba bashintshe indlela abenza ngayo benze ukuba inkululeko esinayo ibe nomthelela omuhle.

NjengoMnyango, sinezinhlombonhlobo zosizo lwezempilo eziqondene ngqo nabantu abasha, kanti siyabanxena abantu abasha ukuba balisebenzise leli thuba. Siyaqhubeka nokuqeqesha abasebenzi bethu bezempilo ukuze bakwazi ukusiza intsha, futhi bangayehluleli uma idinga usizo lwezempilo okubalwa kulo ukuhlelela umndeni, ukwelashwa

kwezifo ezithathelana ngocansi, kanye nokuchitha isisu, okuyilungelo elivikelwe wuMthethosisekelo.

AMAJAZI AMAHALA ABANTU BESILISA NABESIFAZANE KANYE NEZINYE IZINDLELA ZOKUHLELA:

Abantu abasha bayakwazi ukuthola izindlela ezehlukahlukene zokuhlela umndeni emitholampilo kanye nasezibhedlela zethu, kanti baphinde bathole namajazi okuvikela abantu besilisa nawesifazane. Usizo lwezovikela ukukhulelwa oluhlukahlukene nalo luyatholakala.

USIZO NGOKULEKELELA UKUHAMBISA UMNTWANA LAPHO EZOTHATHWA ABAZALI ABASHA (ADOPTION):

Ngaphambi kokuqhubeka nohlelo lokuchitha isisu, abesifazane abakhulelwe bayakwazi ukukhetha ukuba badlulisele izingane zabo ukuba zinikezelwe kwabanye abazali ngokohlelo lomthetho uma sezizelwe. Abasebenzi bethu bezempilo bayakwazi ukuxoxisana nosonhlalakahle balekelele kulolu hlelo.

UKUZIKHETHELA NGOKUCHITHA ISISU:

Njengokwemiyalelo yoMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, uMnyango uhlinzeka ngosizo olusemthethweni lokuchithwa kwezisu koMama abangenaso isifiso sokugcina izingane zabo.

UKUSOKWA MAHALA (MMC):

Uhlelo lokusoka luyagququzelwa kakhulu njengoba lukwazi ukunciphisa amathuba okuthetheleka ngegciwane lengculazi ngamaphesenti angu 60 kubantu besilisa. Laphinde lunciphise igciwane le Herpes, kanye nokuphathwa umdlavuza wesibeetho kubantu besifazane. Ukusoka kugcina isitho sangasese somuntu wesifazane sihlanzekile, futhi siphephile.

FREE PRE-EXPOSURE PROPHYLAXIS (PREP):

Uhlelo lwe-PrEP lunemiphumela emihle ekuvikeleni ukuthetheleka ngegciwane lengculazi. Luyingxubevange yemishanguzo eqinisekisa ukuthi abantu abangenalo igciwane lengculazi abathetheleki. Kubalulekile nokho ukuqonda ukuthi uhlelo lwe-Prep luvikela kuphela ekuthethelekeni ngegciwane lengculazi, kodwa ulugwemi ukukhulelwa noma ukuthola ezinye izifo ezithelelana ngokocansi. Luyatholakala kuzo zonke izikhungo zethu zezempilo kanye nasezibhedlela zesifundazwe.

USIZO MAYELANA NEZIDAKAMIZWA KANYE NEZINGQINAMBA ZOMQONDO:

UMnyango unezinhlalo kanye nezindlela zokuhlonza nokubheka iziguli ezikhahlamezwe yizidakamizwa noma ukuphazamiseka kwengqondo, futhi uyakwazi ukulekelela ngokuzitholela usizo ezikhungweni ezifanele. UMnyango uphinde uhlinzeke ngokwelulekwa ngengqondo kwabantu abacindezeleke

ngokomqondo, abanemicabango yokuzibulalala kanye nezinye izingqinamba zempilo abanazo.

UKUBHEKELA IZIDINGO ZEZEMPILO ZOMPHAKATHI WE- LGBTQI:

Sisezinhlweni zokusungula izikhungo zethu zemitholampilo ebhekelele labo abathandana nabobulili obufana nobabo (LGBTQI+) endaweni yaseThekwini naseMgungundlovu, njengesiqalo bese siyisabalalisa izifunda zonke. Sizobe siqeqesha abasebenzi kulemitholampilo ukuze bakwazi ukusiza lamalunga omphakathi ngendlela efanele, azizwe emukelekile ezikhungweni zezeMpilo, futhi azisebenzise ngokukhululeka. Maduze nje, sizohlinzeka amalunga alomphakathi ngezinhlobonhlobo zezinsiza ezilekelela ocansini oluphephile ezifana nama lubricants, dental dams kanye nama finger cots.

IZIZINDA ZEZEMPILO EZIBHEKENE NGQO NENTSHA:

Kungekudala sizosungula izindawo ezibhekelele intsha emitholampilo yethu. Lezi zindawo zizoholwa yiyo intsha futhi zizoba nesizinda lapho kuzodingidwa izindaba eziphathelene nezempilo, ngesizotha, ngaphandle kokuyehlulela, futhi nangendlela ezokwenza kube lula ukukhuluma ngasese uma kunesidingo. Sizoyisungula emkhandlwini yasekhaya ngaphambi kokuba siyidlulisele emkhandlwini yezifunda kuso sonke isiFundazwe.

Abantu abasha bayikusasa lezwe.

NjengoHulumeni osebenzayo nocabangayo, asisoze saphosa ithawula ngekusasa lentsha yakuleli. Kungakho sizoqhubeka nokusungula izinhlelo zokuqinisekisa ukuthi intsha yakithi ihlala iphilile futhi ibe namathuba anele okuzithuthukisa, nokuveza wonke amakhono ayo. Konke kulele ezandleni zayo ukuba isebenzise lezi zinsiza futhi izinakekele.

Yikho lokhu okuncane esingakwazi ukuhlonipha nokukhumbula intsha yango 1976 ngendlela enesidima.

